


KANTI KAWAZI

 Ngiyabonga, Mfowethu Neville. INkosi ikubusise. Ngingene kwenye into, angizange na? Ngifuna ukubonga iNkosi, kahle sibili, ngokusiza umfana kaMfowethu Capps. Kwenzakele nje ukuthi lesi yisikhathi esincinyane lesi engibuye ngaso eIndiana. Ngiyazi ukuthi abarekhodi lokhu; ngithemba abakwenzi. Futhi-ke kangibonimuntu phakathi lapho, ngakho ba. . . Ngiphenduke ukuyazingela osinti. Futhi-ke ngiyathemba uCharlie uzamele abe lami, yena loNellie, futhi labo phansi eKentucky, manje okosuku kumbe ezimbili, ukuzingela osinti. Ngakho, ngingangcono ngikhuthe loba yini, loba yiluphi uhlobo lokuzilibazisa, khona-ke ngibuye lapha ngokungaba phakathi kukaNcwabakazi, futhi ngihambe ukuyazingela osinti loCharlie loBanks, labo bonke. Kungathi yinto yomkhuba ngami. Futhi-ke ngathatha uJoe. . .

² Lapho sisaselapha ngesinye isikhathi, wonke umuntu wagula, ukuntshintsha kulowomumo womkhathi otshisayo sibili kusehla kulowu—kulowumkhathi opholileyo elilawo lapha. Ngiyazi licabanga ukuthi lokhu akupholanga, kodwa phuma uze eArizon kanye. Kwakuyi 109 emthunzini lapho ngisuka ngenye ikuseni; futhi-ke sokusiba phakathi kobusuku, ebusuku, lapho umoya opholileyo usehla phansi ezintabeni, kwakulokhu kuyi 96. Uh-huh. Bona, lokho kuphakathi kobusuku, lapho umoya opholileyo usehla phansi. Futhi-ke ku. . . Leyondawo ilungile ngesikhathi sobusika, kodwa ngeyenkume lemipankwa ngesikhathi sehlobo, hatshi abantu. Ngitho inyamazana zonke ziyasuka ziye ezintabeni. Azingeke zikumele nje.

³ Futhi ngangiphandle futhi ngidubula ngombobho wami omncinyane. Ngi. . . Ngenye indlela ngifuna nje ukulitshela ngomfana omncinyane kaCapps. Futhi ngathi. . . Futhi, uJoe, kumele nje ngimnike umbobho, ngoba uyanelisa ukungedlula ngokudubula. Sasesidubule ngawo, futhi ngangingitshayela izikhonkwane emayadini angu 50. Futhi ngathi ku—kuJoe. . . UJoe wathi, “Baba, ngiyakholwa ngingakwenza lokho.” Umfo omncinyane ohawulayo wayebe lokutshaywa likhanda. Ngangimkhulekela, uqhuhqhu olukhwelileyo. Waphuma wahamba lami enkundleni, futhi nga. . .

⁴ Loba yiphi i-two-over-ten ebholelwe phakathi kombobho i-.22, iyeqa umugqa wayo wokudubula kumayadi angu 25; uphakathi njalo ku 50, ngokufanayo nje, nxa uyi two-over-ten. Ngakho-ke. . . Futhi ngangiwudubule ngikumayadi angu 25. Futhi-ke ngangilezinye izikhonkwane ezimbili futhi ngazibethela, futhi uba uJoe engazitshayanga zombili lezikhonkwane! Ngasengingasela ezinye izikhonkwane, ngakho ngabeka isiqephu senkwilimba yodaka esasiphahlaziwe

lapho, lokho abadubuli abathiyayo, okungaba yikota nje ye-intshi ububanzi, futhi wakuthatha kumayadi angu 50, futhi wakuquma iziqa ezimbili. Futhi isikopo sasihlelelwe amehlo ami, okweminyaka nje emidala ukwedlula ayeyikho. Ngakho wathi, “Uyazi ukuthini? Kumele ngihambe ngitshele uBilly ukuthi asuke ezinyaweni zami kusukela khathesi kusiya.” Bona?

⁵ Ngakho, ngakho ngathi, “Awu, ngizakutshela ukuthini,” wathi, “asihambe phansi futhi sitshengise uMfowethu Norman lokho.”

⁶ Ngathi, “Joe, emidlalweni emhlabeni wonke, akulandaba ukuba kungaba ngubani, akulamuntu . . .” Manje, izikhonkwane azibethelelwanga emaceleni, zabethelwa ziqonde nta. Futhi leso siqephu, hatshi ukwedlula, ngiyathemba, ikota ye-intshi, letshumi lesithupha ubuhlonzi, lekota ye-intshi ukuphakama, wasiquma ingxenyekabili, emayadini angu 50. Ngathi, “Akulamuntu emhlabeni obengadubula ngcono. Zingakwenza, intshantshu, zingabe zenze intoyinye, kodwa ubungeke wenze ukudubula okuthatha ukwedlula bona.” Izikhonkwane, zingagobanga, isikhala nje esiqondileyo sidlula phakathi kwephepha lapho isikhonkwane esadlula khona. Futhi ngathi, “Akulamuntu owayengenza u—ukudubula okungcono.” Kulungile. Ngicabanga ubuhlungu bakhe bekhanda bamtshiya khona lapho.

⁷ Futhi ngathi, “Awu, kasihambe siyetshengisa lokhu kuMfowethu Norman,” osebenzela i*Field And Stream*, indawo kaMfowethu Tony Stromei yempahla yemidlalo.

⁸ Wathi, “Asidluleni kuqala koBilly.” Wathi, “Ngi—ngifuna nje ukutshela uBubby enye into.” Bona? Futhi, ngokusobala, umfowakhe kakaze akwenze lokho kakuhle. Ngakho wathi, “Siyedlula ngalapho kuqala.”

⁹ Futhi nje lapho ngingena emnyango, uBilly waye lokhu ekumaphijama akhe. Futhi wathi . . . Sehlela khona kusasele, ngoba kuyatshisa kakhulu. Futhi—ke wathi . . . Ifoni yakhala. Futhi ngathi . . . Wangathi uyangikhangela kanje. Ngathi, “Mhlawumbe ifoni yogulayo.” Futhi kwakunguMfowethu Capps ngomfana wakhe, ekamelweni lokuhlinzela lesosikhathi, elokuvuvuka ngaphakathi kwesisu futhi lokho kulindelwe. Futhi nje manje wangitshela ukuthi umfana wakhe uyaphola sibili, kuhle sibili.

¹⁰ Ngakho, bona ukuthi uNkulunkulu wakusebenza njani lokho, ngitsho lakulelophimbo lalowomfana omncinyane, uJoe? Kulokwehlela koMfowethu Norman, waye eyabe engekho lapho, futhi ezile. Futhi uMfowethu Capps lami sahlangu ndawonye. Angitsho ukuthi kwakuyimikhuleko yethu eyakwenzayo, kodwa kwenza ulutho kuye ukuba thina size sithintane kanjalo. Futhi, ngokusobala, yikho lokho . . . Lapho ku—kumele ube

lokholo kulokho okwenzayo. Bona? Futhi, lokho, ukholo lwakhe lokubiza, futhi uBilly waye. . .

¹¹ Babefaka imali. Wathi, “Leyi kumele ibe ngumango omude sibili,” wathi, “wayefaka phose engaba duze lamadola angu 5 etshenji, phakathi kwamathathu. . . okwefoni yemizuzu engu 3.” Futhi ngacabanga ukuthi yayingabe ivela eNew York kumbe phandle kwesinye sezihlenge kumbe enye into. Kodwa wenza ifoni yomuntu eqondene lomuntu, ukubamba uBilly kuloLoyce, uyabona, futhi yikho lokho okwambizela imali ukuthi akwenze lokho.

¹² Futhi manje umfana wakhe uyaphola. UMfowethu Capps wathi udokotela wamnika ithemba elincinyane sibili lokuphuma kukho, uyabona, ekuhlinzweni. Futhi silokubonga kuNkulunkulu lokhu kusa ngalokhu, siyajabula kakhulu ngakho.

¹³ Manje, singene phakathi, sokuzakusa lokhu kusa, futhi ngibe lamahola angu 3 okulala, futhi—futhi ngikhathele sibili. Kodwa lapho ibandla. . . kusiza isikhathi sokubuya ebandleni, ngani, ngehlile ngabuya.

¹⁴ Futhi iNkosi ithanda, manje kufanele ngehle phansi eKentucky, njengoba ngitshilo. Khona-ke ngathenjiswa ukukhuluma iSonto eyodwa lapho ngisasengemuva lapha, futhi kungangcono ngikwenze liSonto elandelayo, ngoba elandelayo ngizakuba. . . Kumele ngibuyele emuva. Ngoba ngiyabuyela njalo, phezulu eCanada. Ngakho ngi—ngingangcono ngikwenze ngeSonto elandelayo, futhi ngeSonto elandelayo ekuseni.

¹⁵ Futhi uMfowethu Neville wathi, “Kungani ungaphumi nje futhi ubingelele abantu, futhi ukhulume labo nje imizuzu emilutshwana?”

¹⁶ Ngathi, “Mfowethu Neville, angikavuli lokuvula iBhayibhili lami, ngitsho.” Ngathi, “Ngi. . .”

¹⁷ Wathi, “Awu, phuma futhi ukhulume enye into kubo.” Futhi, Dade Neville, a—a—angikwazi ukuthi ukwenza njani. Ungumfo olamandla okuvumisa sibili. Kodwa lapho. . .

¹⁸ Angitholi ithuba lokutsho lokhu lapho indawo yonke igwele, futhi iminyene, lakho konke, kodwa ngilokubonga sibili kuNkulunkulu ngomalusi onjengoMfowethu Orman Neville. Okholekileyo, ekholekile nje ngalokho akwenelisayo, kuMbangela futhi ungamuzwa ekhonona. Ngiyahlala ngemuva lapho. . . Ngangilokukhuluma okuhle kwengxenye yehola kanye laye lapho ngikholisa uMfowethu Mann, futhi-ke ngizamshela okunengi ngalokho lapho singena eColorado lumnyaka. Ngakho lapho sikholisa umbiko wakhe, futhi ngaba lenkulumo enhle loMfowethu Neville. Ngathi, “Angitholi ngitsho ukutshela abantu ulutho ngomalusi wethu olungileyo.” Ngathi, “Abantu bayakuphatha kuhle na?”

Wathi, “Akungeke kubengcono.”

Futhi ngathi, “Awu, yikho lokho engithokoza ukukuzwa.”

¹⁹ Lapho umalusi esuthisekile, futhi abantu besuthisekile, kwenza ibandla elihle sibili, futhi-ke uNkulunkulu uyasuthiseka. Futhi ngicabanga, ukubabona besuthisekile ndawonye, ikakhulu kulolusuku loMbiko esiwuthweleyo, Ngicabanga lokho kutshengisa ingqubekela phambili yoMbiko labantu kanye loNkulunkulu. Bona?

²⁰ Futhi ngilokubonga sibili ngoMfowethu Orman Neville, lomkakhe omuhle lemuli. Futhi ngiyakhuleka ukuthi uNkulunkulu uzabagcina bethembekile Kuye langeMbanga. Futhi nxa kuMthokozisa kangako, masibe simile lapha ethabhanekeli lapho iNkosi uJesu isilanda, uyabona, ukusithatha ekuHlwithweni. Sithemba sobabili siyabe sesikhulile, Mfowethu Neville, ukuthi oyedwa uyabe elesandla sigone omunye, simile lapho ngendondolo zethu, silokhu sizama ukubambelela. Bona? “Khona-ke sizakuguqulwa, ngesikhatshana, ngokucwayiza kwelihlo.”

Futhi lezi izembatho ezindala zenyama
sizaziwisa, futhi sivuke

Futhi ngidumele umvuzo olaphakade,

Futhi ngimemeze, lapho ngisedlula emoyeni,
“Salani kahle, salani kahle, hola elihle
lomkhuleko!”

Sahamba phezulu khona-ke.

²¹ Ngizwe ngosiliso lukaMfowethu Coomers oluvela eNkosini, futhi ngilokubonga sibili ngalokho. Izinto ezinengi kakhulu. Ngakho ngilokubonga ukuba lapha lokhu kusa. Futhi ngacabanga, kulokuthi. . .

²² Ngihlezi ngisiza lapha ngilesifundo esithile, futhi ngikhuluma. Bengicabanga ukuthi ngiza—ngizaphuma nje lokhu kusa. Futhi ngathi, “Mfowethu Neville, ngizakhangela inkombalanga kalula sibili, futhi mhlawumbe ngizavumela abantu basuke ngesikhathi, futhi nje ngikhulume kini kuvela enhliziyweni yami, imizuzu emilutshwana; nje izinto nje, lezo esilazo nje. . . Hatsi, abakuthephi kumbe loba yini, ngakho silobudlelwano nje lapho kulabantu bebandla nje lapha, liyabona, thina nje ndawonye.”

Ngakho asikhulekeni.

²³ Jesu Othandekayo, silokubonga Kuwe ngethuba esilalo lokubuthana ndawonye lapha. Futhi, o, lapho ngikhangela kwelithabhanekeli kusasekuseni lokhu kusa, ngemuva kwaphakathi kobusuku, sobedlule, ngacabanga ngokuthi Wama kanjani ngakulo.

²⁴ Futhi ngicabanga ngechibi elidala elalilapha, lokhula oludala lumile, ngokungaba lapha okulephuluphithi khona.

Njengomfana omncinyane, nga—ngama lapha. UMnu. Ingram wathi singaba lendawo okwemali enlutshwana nje, futhi sibhadale enye into njengesibambiso; futhi kungelamali, kungelasibambiso, kumbe kungelalutho lokunikeza, kodwa ukuzama nje. Ukuthi kanjani, khona-ke, njengoba imbadalo egcweleyo yayingaphezulu kancane kwamadola angu 2,000; kuleminyaka engu 20 ukuyibhadala yonke.

²⁵ Futhi manje, Nkosi, likhangele manje! Futhi lapho isasebutsheni balo, lokhe sihlezi phansi egodini lapha, amanzi ethululeka kilo; ukuthi Wasithembisa kanjani, ngeLizwi: “Mina Nkosi ngikuhlanyelile, Ngizakuthelezela ubusuku lemini, funa omunye akuhluthune esandleni Sami.”

²⁶ Isikhathi esifanayo, abantu bathi, “Phakathi kwenyanga eziyisithupha, kuzaphendulwa kube ligaraji.”

²⁷ Kodwa ngokubambeka izinkulungwane zemiphefumulo zafumana uKhristu lapha ku-altare. Futhi ithabhanekeli, ichibi lokubhabhathizela libe kokuphela. . . Abantu babhaphathiziwe eBizweni leNkosi uJesu; bebiza iBizo Lakhe, begeza izono zabo. Amakhulu abagokekileyo, abahluphekileyo, iziphofu, iziqhuli, abatshwabheneyo, abadliwe yimvukuzane, basukile kulipulatifomu; bangena, besifa, amadoda labafazi, abafana lamankazana, futhi baphuma ukuyaphila impilo entsha, belenyama entsha emizimbeni yabo, futhi behamba njalo; betshiya izihlalo ezilamasondo zabo, indondolo, lokunjalo. O Nkulunkulu, leyi iminyaka engu 30 yenkonzo!

²⁸ Baba, ngiyakhumbula ukusa lapho sibeka ilitshe legumbi. Futhi Wapha umbono lapho, utshengisa indawo, igcwele futhi iminyene, ikhona elihle; Nga—ngangikwazi ukuthi lokho akungeke kwehluleke. Ngakho ngiyaKubonga ngazo zonke lezi izinto.

²⁹ Abanengi babo sebelwe impi enhle, futhi baqeda indima, futhi bagcina uKholo; belele ngaphetsheya, belindele, bephumule manje emisebenzini yabo, lemisebenzi yabo ibalandela; belindele ihola ukuba uphondo lukhale, lokuhluma njalo empilweni entsha, umzimba omutsha. Inengi labo baluphele futhi bayaqhuqha, abanye batsha, baphakathi laphakathi kobudala, lokunjalo. Kodwa iBizo Lakho lidunyiswe ngakho konke.

³⁰ Manje simile lapha njalo, phambi kwa—kwabaphilayo labafileyo. Ngiyakhuleka ukuba Ugcobe aMazwi Akho lamuhla ekuseni. Angazi lutho olulodwa lokutsho, kodwa ngiyakhuleka ukuthi Uzakupha lokho, Ohlezi ukwenza, Nkosi.

³¹ Busisa umalusi wethu, uMfowethu Neville, umkakhe. Busisa abaphathi, amabhodi amadikhoni, lonke ilunga lomzimba. Makuthi, ndawonye, siphile kanjalo kulimpilo, ukuthi empilweni ezayo sizakuba leMpilo elaPhakade.

³² Sisize lokhu kusa ukuthatha iziqondiso kuMoya leLizwi, ukuze sizilungiselele lapho sisuka eminyango lokhu kusa, sizimisele enhliziyweni zethu ukuphila impilo engcono ukwedlula ebesikwenzile ngamuva. Siyakucela ngeBizo likaJesu. Ameni.

³³ Manje, ngi—ngivule nje iBhayibhili lapha, futhi kwenzakale ukuba imizuzu emilutshwana edluleyo. NgikuSambulo 3, ngakho ngizabala nje lapha, e—eMbikweni kuBandla leLawodikeya.

³⁴ Futhi ngifuna ukumemezela, njalo, uMfowethu Neville ubengitshela nje; UMfowethu Parnell, njengoba kwenzakale ukukhangela phansi futhi ngimbone ehlezi lapha, use—usemvuselelweni, kulelicele nje leMemphis. E—e...loba ngubani wenu uyazi lapho okuleWimpy endala, indawo yehambega eyayivame ukuba khona, ule—lethente elimiyo lapho, ezama ukungenisa izithungo futhi afumane nxa kungekho abalahlekileyo phandle kuleyondlela abamiselwe impilo, ukuze abazuze ngenkonzo yakhe kuKhristu. Futhi wayivala okwangeSonto, ngenxa yenkonzo zisethabhanekeli, futhi—futhi lokho yikuthembeka okukhulu komfowethu. Futhi sifuna libekwazi ukuthi inkonzo zizabe zivulekile ngoMvulo ebusuku olandelayo, iviki elandelayo. Futhi ngiyazi liyanxuswa ngenhliziyo enhle ukuzwa uMfowethu Parnell eletha umbiko wakhe wothando lukaKhristu.

³⁵ Futhi manje kasibaleni kuSambulo isahluko 3, ingxenye nje, ukukhuluma ukuthi siyabala iBhayibhili. Ngoba, lokho engingakutsho kungehluleka, kodwa lokho Akutshoyo akusoze kwehluleke. Futhi angikwazi lapho okokuqalela khona, lokho okokwenza, lapho okokuya khona, kodwa ngibala nje iSikhathi seBandla leLawodikeya.

...lakuyo ingilosi yebandla lase...Lawodikeya bhala; Lezizinto utsho uAmeni, ufakazi othembekileyo loqotho, futhi owokuqala kokudaliweyo kukaNkulunkulu;

Ngiyayazi imisebenzi yakho, ...kawuqandi futhi kawutshisi: Ngiyathanda...wawu ukuthi uyaqanda kumbe utshise.

Ngakho-ke ngoba ubuthukuthuku, futhi awuqandi futhi awutshisi, Ngizakukhafula emlonyeni wami.

Ngoba wena uthi, nginothile, futhi ngilempahla ezinengi, futhi kangisweli lutho; kanti awazi ukuthi uyahawula, ...ulusizi, ...ungumyanga, ... uyisiphofu, ... unqunu:

Ngiyakweluleka ukuthi uthenge kimi igolide elicengwe emlilweni, ukuze unotho; ... isembatho esimhlophe, ukuze ugqoke, lokuthi ihlazo lakho lobuze

*bakho kungabonakali; futhi ugcobe amehlo akho
ngomuthi wamehlo, ukuze ubone.*

*Bonke eNgibathandayo, Ngiyabasola ngibatshaye:
ngakho tshiseka, futhi uphenduke.*

³⁶ Liyazi, kwenye indawo phakathi lapho, lapho ngibala, ngi...Nxa lingangixolela okomzuzu, nga—ngathola eyinye indawo eyazwakala inhle kimi, futhi kangazi nje ukuthi bekungaphi khathesi. Nansi lapha.

*...futhi kawazi wena...uyahawula,...ulusizi,...
ungumyanga,...uyisiphofu,...unqunu:*

³⁷ O, minabo, lokho kungathi ngumfanekiso lapha webandla lalamuhla! Manje, ku, ngi—ngicabanga ukuthi lesosikhathi sebandla lapha, leso esikhuluma ngaso...Yebo, ngilesikhathi sebandla esizayo khathesi emabhukwini. Kodwa kuyikuthi yiSikhathi seBandla leLawodikeya esikuso, asikhangeleni nje izimo.

³⁸ Kangifuni ukuthatha loba yisiphi isifundo kumbe loba yini, ngoba asenzi...siyazikhulumela nje, lapho sibona ukukhuluma loba yini iNkosi ezasikhokhelela ukuthi sikwenze, kodwa enye into engasisiza.

³⁹ Kasicabangeni ngeSikhathi seBandla leLawodikeya lesimo sayo lamuhla. Ngokwazi kwami, kangiboni lutho olungenqabela, kulesi sikhathi, ukuBuya kweNkosi uJesu, ngaphandle kokulungela kweBandla Lakhe. Ngicabanga ukuthi esinye se—seziprofetho... .

⁴⁰ Izolo, sisiza emoteni, sayitshayela ngensuku ezimbili, sivela eTucson, lapha, khona amamayila azinkulungwane ezimbili, uBilly lami. Futhi-ke thina, manje, lokho kwakungasokwephula loba yiphi imithetho yesiqubu. Sahlala siqondile. Ngahlala lapho, nxa etshayela, futhi nga—ngafumbatha izibhakela zami emuva njengombobho okhokhiweyo. Ngambona ehamba. Ngathi, “Mana okomzuzu, mfana.”

Manje, siyatshelwa, “Nika uKhesari okungokukaKhesari.”

⁴¹ Khona-ke sangena phansi lapha izolo ebusuku, inkazana encinyane ilele ibhazalele inqumisumgwaqo, engaba yiminyaka emithathu ubudala; umama efile emgelweni. Omunye umfana odakiweyo, evela ku R.O.T.C., eleminyaka engu 18 ubudala, etshayela amamayila angu 120 ngehola, esandleni sonxele somgwaqo, ebulewe. Futhi ngiyathemba wayesifa, laye. Khona-ke unganazelela ukuthi yikuyini.

“Nika uKhesari okungokukaKhesari.”

⁴² Abantu abangelacala besifa. Inkazana encinyane eleminyaka emithathu ubudala yalahlekelwa yimpilo yayo, ngenxa yelinye isotsha elidakiweyo, bona, etshayela amamayila angu 120 ngehola, elinganiselwa, eceleni lomgwaqo elingayisilo. Esiza phezulu oqaqeni, futhi watshoka phansi,

futhi wababulalela khona lapho ndawonye. Nga...Wayesifa, laye. Ngakho khona-ke ungabona, loba laba abangelacala babesenza...

⁴³ Manje lowo mfana ulecala lokubulala ngolunya. Bona? Ngicabanga nxa umuntu engabanjwa emgwaqweni, enatha, kumele aphiwe iminyaka engu 10, ekwanileyo, ngokwesikhathi singakakwani...ukubulala ngokuzimisela; loba nguphi umuntu, ngoba yena nje...loba nguphi umuntu.

⁴⁴ Thina, asisoze senze lutho oluhle ngepolitiki. Ibolile. Umqondo kaNkulunkulu wokuba lenkosi, inkosi elungileyo, uqondile. Kodwa ipolitiki nje yasabalela phandle, ungathenga loba yini uphume; uqilibizele, uqamba amanga, uyantshontsha, yonke enye into. Njengoba ngatsho amaSonto ambalwa edluleyo: futhi khangela lapho okhona, bona, kungelalutho kodwa nje ingcekeza yakho konke. Kodwa inkosi elungileyo ingenza imithetho yayo uqobo. Futhi ungabulala umuntu; usazi ipolitiki enhle, lokho kulungile, uyaphuma kukho. Bona? Futhi-ke, ku, ku—ku...

⁴⁵ Ukubusa ngentando yabantu ngumqondo olungileyo, kodwa akusoze kusebenze. Njengesikhomanisi nje, izinto zonke zihlanganyelwe; kuzwakala kukuhle, kodwa akusoze kusebenze. Hatshi. I...Indlela kaNkulunkulu yokuba lenkosi, njengalokho uDavida ayeyikho, yayiqondile, futhi ulengqondonye egxilileyo. Njengomkhokheli oyedwa lexuku lamadada amakhulu, kumbe okunjalo, awungeke uthathe amabili kumbe amathathu awo. Khona-ke, uyawawona wonke endawonye, ubuya laloba yiwuphi umqondo.

⁴⁶ Ngakho siyafumana izimo, lamuhla, zilungele ukuBuya kweNkosi.

⁴⁷ Kodwa, lapho uMfowethu Neville lami, labanye abazalwane laba sizama ukwelusa umhlambi, Ngilenye into engqondweni yami khathesi, ebuyayo, esigakhuluma ngakho.

⁴⁸ Lokho yikuthi, ngathola incwadi ngolunye usuku kweyinye inkosikazi elungileyo. Angizange ngiyithole; yeza lomunye umuntu. Futhi ngempela wayengidabula iziqa, kumbe ekuzama. Wayesithi, “Wake...Alingeke yini lina aMadoda angosomaBhizimusi esiKhristu liyenze enye into ukumisa uMfowethu Branham?” Wathi, “Ngoba ulebhuku leli khathesi elithiwa *ISikhathi seBandla leLawodikeya*, ukhupha amanengi.” Futhi wathi, “Udabula nje kalula imfundiso yePhentekhosti ibeyiziqa.” Wathi, “Manje ukhuluma ngobufakazi bokuqala abusibo bokukhuluma ngendimi.” Futhi wathi, “Khona-ke, uphikisana labafazi abangabatshumayeli.” Futhi lowu wayengumfazi otshumayelayo. Futhi abafana bakhe, abanye babangane abakhulu engilabo emhlabeni. Yena...Baphakathi kwabangane abakhulu engilabo. Futhi wathi, “Manje...”

49 Futhi lindoda lomfazi, ngangisidla ukudla kwekuseni labo; bathi, “Mfowethu Branham, khangela lokhu. Ungakucabanga na?” futhi wadonsa incwadi.

Ngathi, “Awu, dade, akazwisisi nje.”

50 Abafana bangitshela ukuthi umama wabo wayengumtshumayeli ongumfazi, lokuthi kahambelani loMbiko.

51 Futhi khathesi uthi phakathi lapha, wathi, “Khathesi wathi, ‘Abafazi abafanelanga ukuba lamandla phezu kwamadoda.’” Wathi, “Uthini ngoPhebe eBhayibhilini, umcedisi kaPhawuli?”

52 Ngeqiniso, wayengumthengisi wempahla. Futhi uPhawuli wabuza abantu...Ucabanga ukuthi uPhawuli wayengathi, “Abafazi mabathule emabandleni, abavunyelwa ukukhuluma,” futhi atshibilike futhi athi, “Manje, Phebe, msizi wami eVangelini, uzakutshumayela ubusuku obulutshwana”? Ngani, wayezaphikisana lelizwi lakhe uqobo. Bona?

53 Futhi wathi, khona-ke, phezu kwakho konke (Ngiyakholwa kwakunguEsta, wayengomunye wabahluleli eBhayibhilini.), wathi, “Umfazi wayengumahluleli eBhayibhilini. Nxa lokho kungesilogunya phezu kwamadoda!”

54 Futhi lusomabhizimusi owasiliswayo khona lapha ebandleni kungasikude, wathi...Manje, umkakhe wathi, “Mfowethu Branham, lokho kwakuhlezi kungiphica.”

Ngathi, “Ngani dade, kungakuphica njani lokho?”

Wathi, “Awu, nangu umfazi ongumahluleli.”

55 Ngathi, “Leyo yipolitiki, hatshi ibandla. Lokho kakulani lokwenza ngebandla.”

56 UPhawuli wathi, “Mababe ngaphansi kokulalela, njengalokho kusitsho njalo lomthetho.” Futhi umthetho awungeke ubeke umfazi ukuba ngumpristi; awungeke ukubeke lokho. Alikaze libone umfazi ongumpristi omkhulu. Alikaze libone umfazi ongumpristi, loba ngaphi eBhayibhilini. Kalikaze libone umfazi ongumtshumayeli, eBhayibhilini. Ngeqiniso.

57 Abanye babo babengabaprofethikazi, lokunjalo; UMiriyamu labehlukeneyo. Futhi uEsta... Omunye wabo wayengumahluleli phezu kukaIsrayeli. Kwezinye izikhathi babeyizindlovukazi phezu kwabo, lokunjalo njengalokho, inkosi lendlovukazi. Ekufeni kwenkosi, indlovukazi yayimele ithathe indawo yakhe baze bakhethe enye inkosi, lokunjalo.

58 E—eTucson, Arizona, silowesifazana ongumahluleli lapho edolobheni. Yiso isizatho idolobho lingcolisiwe kakhulu. Futhi sile...Umfazi akala msebenzi kupolitiki. Akala msebenzi phakathi kwe...phezu kwaloba yisiphi isiphathamandla ebandleni.

⁵⁹ Indawo yakhe yindlovukazi yendoda ngekhaya. Ngaphandle kwalokho, akalalutho. Futhi siyakwazi lokho ukuba liQiniso. Awusoze uthole. . . Ngiyakwazi lokho kuzwakala kuyisidala, kodwa ngilomlandu.

⁶⁰ Futhi ngiyazi ukuthi, emva kokusuka kwami kulumhlaba, wona amathephu lalawo amabhuku azaphila kusiya, futhi abanengi benu bantwana abatsha lizafumana, ensukwini ezizayo, ukuthi lokhu kuliQiniso sibili, ngoba ngikukhuluma eBizweni leNkosi.

⁶¹ Manje, siyamangala ukuthi kanjani umfazi, lowo ongumfazi olungileyo, futhi ulethe kulumhlaba ngendoda yakhe ethembekileyo, indoda elungileyo, abanye babafana abahle sibili engake ngahlangana labo, bangamadoda, engake ngahlangana lawo. Futhi ngokuphangisa nje, masinya lapho besizwa uMbiko, bathengiswa Kuwo, amaphesenti alikhulu. Manje, lokho kungabuya kuphela ngokumiselwa ngaphambili, indlela kuphela okungabuya ngayo.

⁶² Manje, umbuzo yikuthi, lapha. Bengicabanga lokho, bona, manje kungani iNkosi yayingibuyisela. “Futhi uyakwazi, uyakwazi. . . Awukwazi; unqunu, uyahawula, ulusizi, uyisiphofu, futhi awukwazi.”

⁶³ Ngingakafiki kuleyondawo, Ngingakubalisa lokho engikukhulumileyo insuku ezinlutshwana ezedluleyo, lapha eMbikweni, ngiyakholwa kwakuyikho, *UNKulunkulu WaluMhlaba*; waphumputhekisa amehlo abantu, ukuthi bakhonza udeveli ngempela ezinkonzweni zenkolo. Lonke likutholile lokho na? Lonke lina lakuzwisisa na? [Ibandla lithi, “Ameni.”—Mhl.]

⁶⁴ Futhi-ke kulowoMbiko ofanayo, ngaletsha isifundo, ukuthi, umfazi egqoke izigqoko ezingelambeko, ukungaziphathi, yena unjalo, uzakwahlulelwa eNkundleni yokwahlulelwa njengesifebe sesitaladeni. Lokho kuzwakala kungazwisiseki.

Ake ngilidwebele umfanekiso omncinyane.

⁶⁵ Manje, nanti igqwetha edolobheni, umfo omncinyane, futhi uyindoda enhle. Ngokumayelana le-lepolitiki, ngiyabona angabe elesithunzi njengaloba ngubani, ipolitiki yakhe. Futhi-ke uhamba lenkazana edumileyo sibili. Bayathandana futhi batshade. Bangena emaphathini wonke lezinto ezinkulu, futhi bonke banatha ndawonye. Ekucineni, u. . . Ulekhaya elihle. Uhlala esigabeni esihle. Ucatshangwa kahle ngaye phakathi kwabantu. Kodwa yena. . . Bobabili bayanatha. Ugqoka okabhudula, ugela inwele zakhe, uyazipenda, yonke into edonsa inkanuko nje, umfazi omuhle ozichaya egcekeni. Awu, yena kahambi ebandleni, lakancane, ngitsho loyedwa wabo.

⁶⁶ Ngakho, kungena phakathi, omakhelwane kibo, kuza umfazi ovela ebandleni leBaptisti kumbe ibandla leMethodisti, yena lomkakhe. Manje, lumfazi. . .

⁶⁷ Asithini yiMethodisti, ngoba iMethodisti bayaqhuba kancinyazana ngobungcwele ukwedlula iBaptisti; konke ngaphandle kweNew Testament Baptist, bayakholwa ebungcweleni. Kodwa, ngokuvamileyo, amaBaptisti kabangeni ebungcweleni lakancinyane, bona. Kabakholwa entweni enjalo. Ngakho-ke, manje, kasikwenzeni amaMethodisti ngoba bayakholwa ebungcweleni.

⁶⁸ Futhi-ke umfazi weMethodisti uyangena ukuba ngumakhelwane kulumfazi, esitaladeni esifanayo. Umkakhe uyi. . . Asithi uyisiphathamabhuku ezimali omphakathi, futhi, kumbe eyinye ihofisi. Awu, lumfazi weMethodisti uyakhangelana ngale komunye umfazi.

⁶⁹ Futhi lapho igqwetha leli liphuma edolobheni. . . Ibizo lakhe nguJohn; wothini ibizo lakhe nguJohn. Manje, lingacabangeli kulokho manje. Ngithatha nje amabizo okuzenzela manje. Futhi ibizo lakhe nguJohn. Awu, wayevame ukuhamba loRalph. Futhi lelo libizo lokuzenzela, lonke lalo, bona, ukuze nje libambe indaba, ukubumba umfanekiso.

⁷⁰ Awu, into yokuqala uyazi, ephathini yokudakwa, uRalph uyamanga njalo. Awu, uyazizwa ebaselwe, ngoba uthandana njalo loRalph, uyacabanga. Khona-ke emva kwesikhatshana, uRalph uyaqala ukuhlangana laye. Futhi engamfihlela uJohn, amvale emehlweni akhe. Futhi ucabanga ukuthi ulidada elihlakaniphileyo, ngoba engagijima loRalph, etshade loJohn. Bona, umfazi akala ngitsho isithunzi senhlonipho, futhi akacabangi lutho ngalokho.

⁷¹ Kodwa lumfazi weMethodisti usephakamele kwelinye izinga. Uyakwenza, phose, uhamba ebandleni, futhi ucabanga ukuthi lowo mfazi mubi. Ngani, uthi endodeni yakhe, lapho engena, “Ngibona leyondoda ingena phakathi lapho futhi ihlangane laye. Futhi lapho uJohn ephumile ephandle ngodaba kwenye indawo, iPhiladelphia kumbe kwenye indawo, uyamthatha aphume laye emoteni yakhe, futhi bacambalale okhunjini. Ngiyababona besiza ngekhaya; kabadonsi ngitsho amakhetheni kwezinye izikhathi, emqabuja futhi esenza uthando kuye, okulandelayo. . . O, akukubi lokho na?” utsho endodeni yakhe. “Ngani, akasilutho kodwa iwule likawonke-wonke.” Kuliqiniso. Wedlula iwule likawonke-wonke, ngoba ungumfazi otshadileyo. Bona? Futhi yena, lumfazi, lumfazi weMethodisti, ucabanga ukuthi lokho kubi, akahambi ebandleni.

⁷² Manje, lumfazi weMethodisti wayengeke enze into enjengaleyo. Hatshi, ngempela. Ungumfazi ohloniphekayo. Futhi enye into, wayengeke athinte iwiski encinyane, ngoba,

ibandla leMethodisti, amaphesenti angu 90 ohlelo lwabo yikuyalisa iwiski, bayamelana lewiski. Ngakho, balohlelo lokwalisa utshwala, futhi labobantu bebandla lelo eleMethodisti kabaphili okungaphezu kwalokho okufundiswa yilelobandla.

⁷³ Kodwa lumfazi ofanayo, lumfazi weMethodisti, uyaphuma, ntambama, lendoda yakhe, egqoke okabhudula ngeSonto, emva kwesikolo seSonto. Uyaquma inwele zakhe. Uyapenda indebe, futhi abheme kancinyane.

⁷⁴ Manje, eLizwini likaNkulunkulu, bonke bangamawule, kodwa *lowu* lapha ungo “nqunu, ohawulayo, ohluphekayo, isiphofu, futhi akakwazi.” Omunye ulecala nje njengomunye, ngoba, “Indoda ekhangela phezu komfazi, ukumkhanuka, usevele wenza ubufebe laye enhliziyweni yakhe.”

⁷⁵ Futhi nxa lumfazi, manje, wayengathi, “Mana okomzuzu nje, Mnu. Branham. Ngizakwenza uzwisise, kangisilowule.” Dadewethu, mhlawumbe nxa ungathathwa phambi kweBhayibhili, futhi ubeke izandla zakho phezu Kwalo eBukhloneni bukaNkulunkulu, futhi ufunge isifungo ukuthi ubu—ubuthembekile nje kumkakho ngokwenelisa kwakho. Umzimba wakho ungowendoda yakho, kodwa umphefumulo wakho ungokaNkulunkulu. Kulomoya omubi okugcobayo. Nxa lokho, nxa ungenjalo, khona-ke u... Ngingafakaza ukuthi uyahlanya ngokupheleleyo.

⁷⁶ Kuyini okungabe kwenzakala kugogo wakho nxa waye ngabe ehambe phandle esitaladeni lababo okabhudula? Babengabe bamfaka esibhedlela senhlanya; waphuma engagqokanga isigqoko sakhe. Kulenye into ephambanisekileyo ngengqondo yakhe. Nxa kwakunjalo ngalesosikhathi, kunjalo lakhathesi.

⁷⁷ Ngakho kuphosela umhlaba wonke phakathi kobuhlanya. Into yonke iyahlanya. Futhi kwangena phakathi mbijana-mbijana abantu bazebangakwazi.

⁷⁸ Manje, uliwule na? Hatshi ngendoda yakhe, isifungo emzimbeni wakhe. Kodwa, phambi kukaNkulunkulu, ulomoya omubi, wobuwule kuye, omenza agqoke kanjalo. Futhi useSikhathini seBandla leLawodikeya, futhi akakwazi ukuthi uyakwenza lokho. Umfazi ongelacala kakwazi ukuthi uNkulunkulu uzamehlulela ngokuba liwule. Nanko-ke.

⁷⁹ UngaKuletha kuye; awungeke umtshele. Akulandlela yokuKuletha kuye. IBhayibhili lathi, “Banqunu futhi abakwazi.”

⁸⁰ Nxa ungambiza ngokuthi liwule, umqondile, angakubophisa. Angakwenza. Angikhulumi ngiqonde loba ngubani. Ngikhuluma ngesono. Angithi, “*Leli* ibandla elithile, Mnu. *Sibani-bani* lapho, Mhl. *Sibani-bani*, ungu...” Hatshi, hatshi. Ngitsho lokho, imfundiso yalokho, bona, into yonke ndawonye. Kangibizi umuntu ngamunye. Akusimuntu ngamunye. Kuluhlelo abakilo. Kuluhlelo lomhlaba.

⁸¹ UMFowethu George Wright ohlezi lapha u... Uleminyaka engu 75 kumbe 78 kumbe ubudala, ngiyathemba. Kuyini owawucabanga ukuthi kwakungabe kwenzakala nxa wawungahamba ukuyabona uDade Wright ngolunye usuku, futhi abe emile egqoke ipheya yabokabhudula? Ngani, wawungasoze, wawu—wawuzakuba lowesifazana avalelwe. Wawungasoze umthathe. Awu, nxa loba yiliphi ijaha kulolosuku lalingakwenza, into efanayo yayingathathindawo. Awu, nxa kwakuyisono futhi kuphambukile lesosikhathi, kuyinto efanayo; kodwa abantu sebekhulele phakathi kobuhlanya.

⁸² Mangiprofithe enye into kini, ingakenzakali nje. Umhlaba wonke uyaphumphutha ebuhlanyeni, futhi uzakwengeza usiba mubi lokubamubi lokubamubi, baze babeliqembu lenhlanya. Futhi kuphosa kube ngaleyondlela khathesi.

⁸³ Ungacabanga indoda itshayela izibane zakhe zicitshiwe, ohlangothini olungayisilo lomgwaqo, uRicky, umntwana omncinyane, ofanele ukuba ephuma esikolo saphezulu, abulale iqembu labantu. Lokho kuyabamisa na? Olandelayo uza khona ngemuva kwakhe, esenza into efanayo. Ungacabanga ijaha elicabanga ukuthi okwalo loba yikuphi... loba yini okwakhe, liphuma phandle lapha futhi lisenza indlela abenza ngayo?

⁸⁴ Ungacabanga umfazi omutsha, futhi ukuhluma kwesifazana, emuhle, eyakheke kahle ebumbekile, isimilo, ubuso, emuhle; futhi yona into uqobo yokubamuhle kwakhe iyatshengisa ukuthi sisesikhathini sokucina. Bona, usehambe konke ndawonye ukubunjwa komhlaba, izinto zomhlaba futhi hatshi ubuhle bobungcwele, ukuhlabusa emphefumulweni wakhe. Ngibone abafazi, ngaphandle kwabo babengasilutho lokukhangela kilo, kodwa khuluma labo ngesinye isikhathi, khuluma labo imizuzu emilutshwana, bangenye into eqotho sibili ongeke uyibalekele. Bona, ubuhle bangaphandle ngobukadeveli, bungobomhlaba.

⁸⁵ Khangela abantwana bakaKhayini, ukuthi bangena kanjani kukho. “Lapho amadodana kaNkulunkulu ebona amadodakazi abantu ukuthi ayemahle, bazithathela abafazi,” futhi uNkulunkulu kazange abathethelele.

⁸⁶ Khangela, lapho labobafazi bakoIsrayeli be—belezandla ezilamathuthuva, lenwele ezitshilanyo; lapho lawomadodana kaNkulunkulu esiza elizweni likaMowabi, futhi bahlangana lalabobafazi abahle belenwele ezilungiswe kahle futhi zahlotshiswa, lependa enengi ebusweni babo, kumbe loba yini elikubizayo; futhi lapho lawomadodana kaNkulunkulu ebona labobafazi abahle sibili, umprofethi wamanga wathi, “Sonke siyafanana.” Futhi bathatha phakathi kwabo, futhi uNkulunkulu kazange abathethelele.

⁸⁷ Babhubha enkangala. Bonke ngamunye wabo bafa lapho, bengelathemba, bengelaNkulunkulu, futhi balahlekile

laPhakade; balahliwe laphakade, loba babebonile ubuhle bukaNkulunkulu, loba babenathile emthonjeni ongawomiyo. Babenathile edwaleni elatshaywayo. Babebonile inyoka yethusi isenza izimanga. Baphuma ngaphansi kobhaphathizo lukaMose olwandle. Babebonile isandla sikaNkulunkulu. Babedle ukudla kweNgilosi, futhi benze zonke lezozinto. Kodwa bathatha phakathi kwabo, bavumela abafazi babangenisa phakathi, futhi bathatha phakathi kwabo. Bengenzi ubufebe, bathatha nje phakathi kwabo; UNkulunkulu kazange akuthethelele.

⁸⁸ Lokho ngokwesibili kuzenzakala. Khathesi sesilapha okwesithathu, kuyakhohlisa kakhulu khathesi ukwedlula loba nini.

⁸⁹ Ngiyazi lokho kulukhuni kangako. Futhi ngihlezi ngimangala, ngendlela ezinengi, kuzakuba njani na? Kungani ngimele ngikhulume kalukhuni ebantwini? Kuyini okwenza kubenjalo? Futhi kukanti, ngiyanzelela, nxa kwakungasuye uNkulunkulu, kwakungasoze kube lomuntu, ngitsho umfazi ongahlala futhi angilalele. Kodwa baphenduka, ngoba kulomunye umuntu olengwegwe encinyane yeQiniso lapho, owaziyo ukuthi Kunjalo. Kungenani, bayakwazi Kuyikho. Manje khangela okwenzakalayo. Ngiyazi kunzima.

⁹⁰ Kunjengokuthi nje nxa udokotela ekupha umuthi, futhi wayala ukuwuthatha, khona-ke ungasoli udokotela nxa ungafa. Futhi Lokhu kunjengomuthi. Uthini ngalaba abantu abahlezi besitsho kimi ukuthi ngingumzondi wabafazi?

⁹¹ Uyabona, khangela nje indlela abafazi abenza ngayo, futhi ngizakutshengisa lapho ibandla elikhona. Ukuziphatha kwabafazi kuseLawodikeya, emhlabeni, enyameni, “unqunu, uyahawula, uyisiphofu, futhi awukwazi,” a—abantu, abafazi bomhlaba. Futhi ibandla lisesigabeni esifanayo. Khangela okwemvelo kufanekisa okukamoya, khona kusehla, isikhathi ngasinye. Manje, ngolunye usuku eNkundleni yokwaHlulelwa...

⁹² Ngiyakwazi ukuthi akudumanga ukukukhuluma. Futhi nxa umuntu engagcotshwanga ukukukhuluma, kungcono ungakukhulumi; ngoba uyalingisela, futhi-ke uzangena phakathi kohlupho, ngokwaneleyo sibili.

⁹³ Manje nanzelela. Ngikwenzile sibili, kukhangeleka sengathi, ezikhathini, ngabamba ngavula umlomo womfazi futhi ngathululela uMuthi emlonyeni wakhe, futhi-ke ngibeke izandla zami phezu komlomo wakhe, futhi uyaWukhafula sonke isikhathi. Aluba udokotela wakwenza lokho esigulaneni, khona-ke isigulane safa ngoba sayala ukuginya umuthi? ENkundleni yokwaHlulelwa, lapho zonke lezi izinto njengokugela inwele lokugqoka okabhudula futhi...

⁹⁴ Ngiyakha kuphela. Ihola seliseduzane lapho lizabona enye into isenzakala, lapho enye into izakwenzakala. Futhi sonke lesi

isisekelo lapha bekuyikwendlala isisekelo okoMbiko omfitshane wesiphangephange ozakunyikinya izizwe zonke.

⁹⁵ Ngani bengihlasela abafazi, bekubekwe nje phezulu lapha ngokwento ongayitshaya khona ekhanda, ngakho. Ngitsho lokuzama ukubatshele lokho okulungileyo. Futhi ngehlise isandla phansi njengalokhu, sengathi ngumlomo, futhi bayaWukhafula phandle. Khona-ke ngubani ongasola udokotela?

⁹⁶ Uzakutsho njani, ngoSuku lokwaHlulelwa, lapho wona amazwi ngokwawo amemeza ephikisana lakho, azakhalisa irekhodi khona ebusweni babantu? Ngakho-ke bazakusuka kanjani kukho?

⁹⁷ WaKukhafulela phandle phakathi kweminwe yakho. Uthululele omunye omnengi, khona-ke ekucineni banyikinye ikhanda labo futhi bahlamuke, futhi babuyele emuva, abasoze bakwenze. Kukanti, uyaphenduka njalo futhi uWuthululele phakathi njalo. Khona-ke ngubani olecala? Hatshi udokotela, hatshi uMuthi, kodwa isimilo somuntu. Kunjalo sibili. Kuzoba lusuku olwesabekayo, olunye lwalezinsuku, lapho lesi isizukulwane esifebayo sisima phambi kukaNkulunkulu uSomandla.

⁹⁸ Ngiyabona iminyaka yami inanabela, amahlombe ami ekhothama; futhi, ngiyazi, iminyaka engu 30 lapha kulipulatifomu, yebo, iminyaka engu 33 lapha enkundleni. Leyo yimpilo ende. Leyo yiminyaka engu 33 yenkonzo. Ukuzisola kuphela okukodwa engilakho; ukuthi angizange ngibe leminyaka yakho engu 133. Ngoba leli kuzakuba lithuba lokucina engizakuba lalo, lapho ngisaselapha enyameni, ukutshumayela iVangeli. Nkulunkulu ngisize ukuma ngiqinisekile ngengingakwenelisa, kuleloLizwi, futhi ngitsho njengoba nje Esitsho.

⁹⁹ Kuyini okwenza lowo mfazi weMethodisti . . . UngaKufikisa njani kuye? Nangu lapha, kulesoSikhathi seBandla leLawodikeya.

¹⁰⁰ Manje sizathatha umfazi wePhentekhosti. Akufanelanga agqoke okabhudula, ukuzicomba, kumbe aqume inwele zakhe, kodwa uyakhangelela phansi emuva kuMethodisti, athi, “Khangela umfazi lowo yenza *okunje-lo-kunje!*” Uthi umfazi akagqoki okabhudula, kodwa uthi . . . futhi laye elenwele ezigeliweyo. Bona?

¹⁰¹ Ukhwela phezulu kuNkulunkulu, into yonke ikhangeleka igcwele isono ngamandla. Futhi-ke kwesinye isikhathi, emkhulekweni, ungacabanga, lapho uMoya oNgcwele ekuphakamisela phakathi kwesigaba, khona-ke into yonke ikhangeleka iyingxube. Khona-ke lapho uphenduka phansi, ukhangeleka sengathi uyi, ebantwini, uligwelegwele, okokuthi a—awusilutho kodwa into endala eyeyisayo. Uyisiwula, ngoba

uma njengohlanya oludala futhi uhlezi ukhalimela abantu. Kodwa nxa ungakhwela kulezo zibanga ngesinye isikhathi, lapho ongaba khona eBukhloneni bukaNkulunkulu (hatshi ngamadlabuzane, kodwa ngoMoya oNgcwele weqiniso ekuphakamisa), into yonke ibhalwe, “IKHABHODI.” INkazimulo yeNkosi isukile kulo lonke iqembu lenhlanganiso yesonto. Kunjalo. Akula loyedwa kubo oqondileyo.

¹⁰² Manje mangilidwebele isigombolozisi esincinyane. Nxa bengile bhodi elimnyama lokubhalela... Kodwa ngifuna ukuthi likhangele lapha. Ngizakwenza indingilizi eyodwa njengalokhu, futhi ngizakwenza eyinye indingilizi ngaphakathi kwaleyondingilizi, sezimbili, khona-ke ngizakwenza indingilizi phakathi kwaleyondingilizi. Zindingilizi ezintathu, izigombolozisi ezintathu. Manje, lowo nguwe.

¹⁰³ Lowo nguNkulunkulu. UNkulunkulu ebuthathwini Munye, futhi kungela buthathu Kasuye Nkulunkulu. Angeke abonakaliswe loba ngayiphi eyinye indlela.

¹⁰⁴ Futhi lawe awungeke ubonakaliswe ungasuye muntu okathathu onguye, lokho ngu: mzimba, moya, mphefumulo. Ungela lokunye kwakho, awuphelelanga. Bona? Ungelamphefumulo, wawungeke ube yilutho; ungelamoya, wawungeke ube yilutho; ungelamzimba, uba nje umoya, hatshi umzimba.

¹⁰⁵ Ngakho, uNkulunkulu uphelele ebunyeni bobuthathu boMuntu; hatshi ubuthathu *babantu*, kodwa uMuntu Oyedwa ebunyeni bobuthathu. UBaba, iNdodana, loMoya oNgcwele nguNkulunkulu oyedwa weqiniso obonakalisiweyo. UNkulunkulu!

¹⁰⁶ Nanzelela lapha, mana nje, Ngi—ngiyakholwa ngikubale imizuzu emilutshwana nje edluleyo. Lalelani kulokhu.

...lakuyo ingilosi yebandla lama...Lawodikeya bhala; Lezizinto utsho uAmeni, ufakazi othembekileyo loqotho, ukuqala kokudaliweyo kukaNkulunkulu;

¹⁰⁷ UNkulunkulu unguMdali. Futhi Wadalwa kanjani? Kodwa lokhu “yisiqalo sokudaliweyo kukaNkulunkulu.” Lapho uNkulunkulu, uMoya, wadalwa esimweni soMuntu, lowo kwakunguNkulunkulu edalwa; UNkulunkulu uMdali, ngoKwakhe, esiba yindalo. UNkulunkulu, Owenza umhlabathi, wenza icalcium, wenza ipotashi, ukukhanya kwezulu lomhlaba, amapetroleum, wathatha into ndawonye futhi waZidala, “ekuqaleni kwendalo kaNkulunkulu.”

¹⁰⁸ “U Ameni,” owokucina. *Ameni* utsho “kakube njalo.” “Owokucina kaNkulunkulu,” lapho uNkulunkulu ephelela endalweni Yakhe.

109 Manje, kwakukanjani lokho? “Akulamuntu obone uNkulunkulu loba ngasiphi isikhathi, kodwa kuphela Ozelwe yedwa kaBaba uMbonakalisile.” Liyakuthola na?

110 Wothi, okomzuzu nje, alijahanga. Asivuleni ngale kwabaseKholose, okomzuzu nje. Ngenzakele nje uku... kuze uMbhalo engqondweni yami. Masivuleni kwabaseKholose, iBhuku labaseKholose, futhi sithole... Ngiyakholwa yisahluko 1. Ngizamele ngikhangele lokhu, ngoba bengingakucabanganga ngaphambili lapha. Ngakho ngiza... Njengoba ngangivame ukuba, lapho ngisasengumtshumayeli omutsha, ngingacabanga ngalezi zinto khona manje, kodwa lapho ngisiba mdala angeke. [UMfowethu Branham utshayanisa iminwe yakhe—Mhl.] Asiqaliseni kundima 9, ngiyakholwa. “Ngenxa yalokhu...” NguPhawuli etshela abaseKholose ngoKhristu, Lowo Ayenguye.

Ngenxa yalokho lathi, kusukela ngosuku esezwa ngalo, kasiyekeli ukulikhulekela, futhi...ngiyafisa ukuthi lingagcwaliswa ngolwazi lonke lwentando yakhe kuyo yonke inhlakanipho kamoya lokuzwisisa;

Ukuze lihambe ngokufanele iNkosi kukho konke okuthokozisayo, lithela izithelo kuwo wonke umsebenzi olungileyo, njalo ekwandisweni kulwazi lukaNkulunkulu;

Liqiniswe ngamandla wonke...njengokwamandla obukhosi ekubekezeleni konke lesineke lenjabulo;

Sibonge kuBaba, ohlangane...owasenza safanela uku... abahlanganyeli belifa labangcwele...

Owasikhulula emandleni omnyama, futhi wasiguqulela embusweni weNdodana yakhe ethandekayo:

111 Lapha sesifka khathesi. Khangela.

Esilokuhlengwa ngegazi lakhe, lokuthethelelwa kwesono:

Esemfanekisweni kaNkulunkulu ongabonwayo,...

112 Liyakuthola na? Indima 15, AbaseKholose 1:15.

... izibulo lesidalwa sonke:

113 Ameni! Ini? “Izibulo lesidalwa sonke.” Akube yiNgilosi, akube loba yikuyini okungaba yikho; Ulizibulo lesidalwa sonke.

Ngoba ngaye izinto zonke zadalwa—zonke izinto zadalwa, ezisezulwini, kumbe...emhlabeni, ezibonakalayo...ezingabonakaliyo, loba yizihlalo zobukhosi, loba yibuphathamandla,...imibuso,... amandla: zonke izinto zadalwa ngaye, zadalelwa yena:

114 *Brrrrrr!* Akube loba yini engabayikho; akula esinye isidalwa! Nanzelela, “Futhi e...Futhi yena ngakho-ke...”

...yona ingaphambi kwazo zonke izinto, lezinto zonke zimi ndawonye ngayo.

115 Loba kunguBaba, Ndodana, Moya oNgcwele, loba yini okuyikho, “Ungaphambi kwezinto zonke.” “Ngaphambi kwezinto zonke eziseZulwini, emhlabeni; ezibonakalayo, ezingabonakaliyo, kumbe loba yini,” liNdodana kaNkulunkulu yayiphambi kwezinto zonke. Kunjalo na? Angilandaba, yizihlalo zobukhosi, yimibuso, loba yini okuyikho; Izihlalo zaseZulwini zobukhosi, imibuso, loba kungaba yini ezigabeni ezinkulu zikamoya phetsheya, emaPhakadeni lapho okwakukhona; loba yini okwakuyikho, iNgilosi, onkulunkulu, loba yini okwakuyikho, “Ungaphambi kwezinto zonke.” Amen! AliMboni na? “Wayekhona ngaphambi kwezinto zonke; futhi Zadalwa Nguye. Yena. . .” Indima 17.

Futhi ungaphambi kwezinto zonke, futhi izinto zonke zingaye.

116 Akula lutho olungakwenza kusebenze kodwa Yena. Loba nguNkulunkulu uBaba, uNkulunkulu uMoya oNgcwele; loba ziNgilosi, imibuso, amandla, ubukhosi; loba yini okuyikho, zonke izinto zihamba Ngaye. “Zonke izinto zikhona Ngaye.” Yena!

Futhi uyinhloko yomzimba, ibandla: oyikugqala—oyikugqala, isiqalo, izibulo kwabafileyo (lokho yikuthi, vusa lokho Abuya ukuzokuhlenga); ukuthi ezintweni zonke angaba lokubusa.

117 “Angaba lokubusa,” liyazi ukuthi kutshoni? Lokho yikuthi, “phezu kwakho konke.” Uphezu kwezinto ezake zadalwa; yonke iNgilosi, sonke isidalwa, yonke—yonke into engaba khona. Uphezu kwezinto zonke. YisiDalwa bani Lesi? Angaba ngubani? Phezu kwezinto zonke! “Futhi esenze ukuthula. . .” Kasiboneni, umzuzu nje. Ukubus- . . .

Ngoba kwathokozisa uBaba ukuthi kuye konke ukugcwala kumele kuhlale;

118 “Konke ukugcwala kwezinto zonke.” Konke ukugcwala kukaNkulunkulu, konke ukugcwala kweNgilosi, konke ukugcwala kwesikhathi, konke ukugcwala okulaPhakade; yonke into yahlala Kuye. Nguye luMfo.

Futhi, esenze ukuthula ngegazi lesiphambano sakhe, ngaye ukubuyisa izinto zonke kuye; ngaye, ngithi, loba kuyizinto emhlabeni, kumbe izinto ezulwini.

119 Nangu lowoMuntu omkhulu esikhuluma ngaye, “Ukuqala kwendalo kaNkulunkulu.”

120 Manje, manje ukuthi, iBandla, ukuthi injongo Yakhe yonke yayiliBandla. Manje singena njani kuleliBandla? “NgoMoya munye sonke sibhaphathizelwe eMzimbeni munye,” iBandla, uMzimba kaKhristu. Akungeke kwehluleke.

121 Manje, nanku okwenzakalayo. Manje khangela lokhu, umfanekiso omncinyane nje lapha.

122 Manje, lindoda ephandle yinyama. Yikho lokho esikukhangeleyo; lokho esikubonayo. Futhi ilentuba ezinhlanu kulowomzimba. Futhi loba nguphi umntwana wesikolo solimi, njengami, angabakwazi ukuthi kulemizwa emihlanu elawula umzimba; ukubona, ukunambitha, ukuthinta, ukunuka, lokuzwa. Kungela lokho, awungeke uthinte umzimba. Yiyo indlela kuphela olayo ukungena emzimbeni; bona, nambitha, thinta, nuka, zwana; uyakubona, uyakunambitha, uyakuthinta. . . Manje, lowo ngomubi, phandle.

123 Manje, phakathi kwalokho ngumoya, obayiwo lapho uzalwa emhlabeni futhi ukuphefumula kwempilo kuyaphefumululelwa phakathi kwakhe. Lowomoya ungowemvelo yomhlaba ngoba kawuphiwanga nguNkulunkulu, kodwa wa (phiwa) wavunyelwa nguNkulunkulu. Manje likutholile lokho na? Ngoba, wonke umntwana ozelwe emhlabeni, “uzalelwe esonweni, wabunjwa ebubini; wabuya emhlabeni ekhulumama amanga.” Kunjalo na? Ngakho, lowomuntu, phakathi lapho, uyisoni, kwasekuqaleni. Manje, kodwa. . .

124 Manje, ilentuba zokungena ezinhlanu. Futhi lezontuba zokungena. . . Angazi loba ngingenelisa ukuziqamba khona khathesi. Lapho. . . Okokuqala, ngiyazi, ngumcabango, unembeza, lothando, ukukhetha. . . Hatshi. Isazela, uthando, izindlo. . . Kulentuba zokungena kumoya. Awungeke ucabange ngomzimba wakho; kumele ucabange ngomoya wakho. Awungeke ube lesazela emzimbeni wakho. Awula buhlakaniphi bengqondo lakancane; umzimba wakho kawula, ngakho kumele ucabange ngomoya wakho. Kumele ucabangisise. Awungeke ucabangisise ngobuntu bakho benyama, ngoba ukucabangisisa akuboni, ukunambitha, ukuthinta, ukunuka, kumbe ukuzwa. Izindlo kuyilokho ongakwenza engqondweni yakho. Nxa ulele kumbe ungasekho, umzimba wakho ulele lapho ufile, kodwa umoya wakho uyabe ulokhu ucabanga. Kulemizwa emihlanu ebusa lowomuntu wangaphakathi. Futhi lokho. . .

125 Manje, kumuntu wokucina, okungumphefumulo, kulomuzwa owodwa kuphela obusa lokho, futhi lokho yikuzikhethela. . . intando yokuzikhethela ukuthi ukhethe kumbe uyale.

126 Futhi manje isizatho ukuba abantu lamuhla. . . Manje, lingakukhohlwa lokhu manje, futhi liza—lizabona lokho oNgcwele. . . lokho ubufakazi bokuqala bukaMoya oNgcwele obuyikho. Bona?

127 Manje, abantu bengaphila kulumoya, futhi badanse emoyeni. Bamemeza emoyeni. Bayahamba ebandleni emoyeni, futhi ngempela bengaba loMoya weqiniso ngempela okaNkulunkulu ugcotshwe kulowomoya, kodwa ube ulokhu

ulahlekile futhi nje uthunjwe ngudeveli ngakho konke ongaba yikho, ngalowomoya.

¹²⁸ Ngoba, khangela, yiso isizatho ungeke utshele lowomfazi, wayegqoke okabhudula, wayephambukile. Wawungeke umtshela ukugela inwele zakhe kwakungalunganga. “Awu, inwele zakho zilani lakho na?” Awu, kwakwenza kuSamsoni. Bona?

¹²⁹ “Loba ngubani ozakwengeza ilizwi elilodwa kuLokhu, kumbe akhuphe iLizwi elilodwa phandle Kwalo.” Kumele ube lonomphela kwenye indawo.

¹³⁰ Manje, njengokuthi, nxa ngangiyi—yi—yi—yindoda yeBaptisti, futhi wehla phansi futhi wangitshela ukuthi kumele ngi—ngibhaphathizwe eBizweni likaJesu Khristu; kuseBhayibhilini. Awu, into yokuqala uyazi, ngingathi, “Ngizabuza umalusi wami.”

¹³¹ Futhi ngiya kumalusi; athi, “O, leyo ngenye into emuvala, bona. Yebo, bona, thina amaBaptisti, nanku esikukholwayo; siyakholwa ukuthi kufanele sicwiliswe ezihlokweni zika ‘Baba, Ndodana, Moya oNgcwele.’ Yiyo indlela ibandla lonke elikwenzileyo. Kusukela uJohn Smith walisungula, yiyo indlela okwenziwa ngayo.” Awu, lowo ngunomphela wakho. “Kude lalokho leyondoda ekutshoyo!”

¹³² Aluba ungumMethodisti, futhi ukufafaza luhlelo lwakho, futhi utshelwa ukuthi kumele ucwiliswe? Bona lokho engikutshoyo? Ubuyela kumalusi weMethodisti, futhi uzabhala futhi abuze ubhishopi, uba *usibani-bani* wathi ukuthi *usibani-bani* mayelana ngalokhu. “Kodwa thina, ibandla leMethodisti, sasungulwa iminyaka engu 300 kumbe 400 edluleyo, eEngland, nguJohn Wesley, loWhitefield, labanye babo bonke lapho, loAsbury. Sasungula idokhumenti leli, silandela uJohn Wesley, ukuthi sizakufafazwa, ngoba kuyisimo sedlabu... langaphandle nje. Futhi sicabanga ukuthi ukufafaza kulungile nje njengoba kunjalo leyinye indlela.” Nxa ungoqotho... Nxa ibandla leMethodisti lingunomphela wakho, yikho lapho ophelela khona.

¹³³ Nxa ungumKatolika...Futhi ngizakutshela, akukho eBhayibhilini ukungadli inyama ngolweSihlanu, futhi lazo zonke lezi izinto njengalokhu, futhi “iEucharisti eNgcwele ayisiso sinkwa, ngoba nguMoya,” lokunjalo. Futhi uyahamba kumpristi wakho, umpriisti uthi, “Nanku lapha, kulotshiwe khona kudokhumenti yethu.” Futhi nxa ibandla lingunomphela wakho, awulandaba lokho omunye umuntu akutshoyo. Lowo ngunomphela wakho.

¹³⁴ O Nkulunkulu, siza lokhu kujule! Kimi, into yonke kayilunganga. ILizwi likaNkulunkulu ngunomphela. Loba yini leloLizwi elikutshoyo, khona-ke kunjalo.

¹³⁵ Manje, indlela kuphela phezulu lapha kulesi izigaba, ongavele ube phakathi kwalokhu okuncinyane kwaphakathi komuntu. futhi kumele ube ubekelwe phambili. Ngoba wawu loNkulunkulu, uyingxenye kaNkulunkulu.

¹³⁶ Ngangikubaba wami. Ngangikubabamkhulu wami njalo, lobabamkhulu kababamkhulu wami. Ngenhlanyelo, ngangiphakathi kwalokho.

¹³⁷ Futhi ngangikuKhristu. WawukuKhristu umhlaba ungakasekelwa. Weza ukuzohlenga aBakhe uQobo, Abakhe uQobo ababeKuye. Halleluya! Abantwana Bakhe ababeKuye!

¹³⁸ Kazange abuye uku—ukusindisa abantwana bakadeveli. Abasoze babeKwazi. Futhi balokukhalipha kangako endleleni zokufunda kwabo okukhaliphileyo, okokuthi awungeke uziqathanise labo lakancane. Awungeke ukhulume ubadlule. Kodwa, ngokholo uyaKubona.

¹³⁹ Manje, isayensi ayidingi loba yiluphi ukholo. Isayensi iyafakaza lokho abakhuluma ngakho. Ayidingi loba yiluphi ukholwa.

¹⁴⁰ Umpristi weKatolika uzakutshela, “Khangela ibandla leKatolika liqhube okwesikhathi esinjani. Khangela ukuba lime isikhathi eside kanjani ngaphansi kokuhlukuluzwa yisihedeni.”

Ibandla leMethodisti lithi, “Khangela lapha ukuthi isikhathi esinganani . . .”

¹⁴¹ Ngibone ibandla . . . khuluma ngesibonakaliso sokuzenzisa; esiza endleleni izolo, ngabona. Wathi, “Ibandla liKhristu, lasungulwa ngo A.D. 33.” Alikabi leminyaka engu 100 ubudala lakhathesi, bona, inhlanganiso yesonto. O, minabo! “Imfundiso yabapostoli”? Akula lalutho kukho. NgabaSadusi bosuku; akula Moya, akula . . . Futhi awungeke ubatshela; awungeke ukhulume labo; awungeke ucabangisise kanye labo.

¹⁴² Ngoba, siyedlula ukucabangisisa. “Ungeyami kokwakho ukucabangisisa uqobo.” Ukhohlo kalucabangisisi lakancane. Ukhohlo luyakuKholwa.

¹⁴³ Bathi, “Manje, khangela lapha, uyakhohla ukuthi kumele senze lezi izinto ngemuva ngale? Umbhedo! Lokho . . .”

¹⁴⁴ Kodwa iBhayibhili latsho njalo. Angeke ngichasisise ukuthi kwenzakala njani, kodwa kuyenzakala. UNkulunkulu watsho njalo. Ngakho awula . . . Angeke ngikutshela ulutho ngakho. Ukhohlo aluKuchasisi. Belikwazi lokho na? Ukhohlo luyaKukholwa nje.

¹⁴⁵ UJesu wathi kuNikhodimasi, ovela eSan-. . . ikhansili yomanyano yosuku Lwakhe; weza Kuye ebusuku, wathi, “Nkosi, siyakwazi UnguMfundisi ovela kuNkulunkulu, ngoba akulamuntu ongenza izinto Ozenzayo, ngaphandle uNkulunkulu elaye.”

146 Wathi, “Ngiqinisile, Ngithi kini, ‘Ngaphandle umuntu azalwe kutsha, angeke awubone uMbuso kaNkulunkulu.’”

147 Wathi, “Mina, indoda endala, ngingene esiswini sikamama wami, ukuzalwa?”

148 Wathi, “Manje Ngizakutshela kanjani izinto zaseZulwini, lapho ungakholwa ngitsho izinto zasemhlabeni?” Bona?

149 Khona-ke Wathi, ngolunye usuku, “Ngaphandle kokuthi lidle inyama yeNdodana yoMuntu, linathe iGazi Lakhe, kalilaMpilo kini.” Akazange akuchasise.

150 Labo abapostoli futhi labo balosuku, ababemiselwe iMpilo; Wayekwazi. Wathi, “Bonke uBaba aNginike bona bazakuza. Into kuphela okumele uyenze yikwenza iLizwi Lami laziwe; bayakwazi, ngoba izimvu Zami ziyalazi iLizwi Lami.” Futhi iphimbo yilizwi libonakalisiwe. [Indawo engelalutho ethephini—Mhl.] “BayaLikholwa, kungenani. Abadingi ukufakazela ulutho ngokwesayensi, kumbe ukucela loba uphi umSadusi kumbe umFarisi, kumbe loba yini okunye, ngakho. Ngakukhuluma, bayakukholwa, ngoba izimvu Zami ziyalizwa iLizwi Lami.”

151 Futhi *Leli* yiLizwi likaNkulunkulu esimweni samabala, ngoba *Lesi* yiso sonke isambulo sikaJesu Khristu, IThestamente eliDala leliTsha lifakwe ndawonye. Amen. Nanko-ke.

152 Ngani? Uthi, “Laba ngabantu abalungileyo. Kuyini okubenza...” Ngoba, into eyodwa, insika yabo yokubophela isebandleni. Futhi phakathi lapha...Liyakhumbula iSonto edluleyo, iviki edluleyo; bangaki ababelapha futhi bezwa intshumayelo *AbaGcotshiweyo ENSukwini Zokucina?* Ngithemba lonke lina. Bona, bagcotshiwe. Imimoya yabo igcotshiwe, *kulesi* isigaba sesibili.

153 Manje, lowomfazi wakuqala uthi...Hatshi, kalandaba lokho ibandla elikutshoyo, loba nguphi omunye umuntu akutshoyo. Ulidada elikhaliphileyo. Ulemfundo yekholeji. Angadlelezela umkakhe, futhi acabange ukuthi ukhaliphile ngokwenza lokho.

154 Lo omunye umfazi “unqunu, uyisiphofu, futhi akakwazi.” O, kulusizi, kodwa lowo ngumfanekiso iBhayibhili elisibekela wona. Manje, uyahamba ebandleni. Lowomfazi, mhlawumbe angabangcono, lowomfazi engaba...Uphila impilo enhle, impilo ehlanzekileyo; akula lutho olumelana lalokho. UNkulunkulu uzakuba nguMahluleli wakho. Angikwazi; Kangisuye Mahluleli.

155 Mina kuphela ngi...umlandu walokho Angitshengisa khona. Yikho lokho abapostoli abakutshoyo. “Sikhuluma lokho esikwaziyo, lokho esikuzwileyo, lokho esikubonileyo.” Yikho kuphela engilomlandu ngakho. Yikho kuphela olomlandu ngakho.

156 Kodwa manje, uyabona, nxa ungathatha lowomfazi ofanayo. . . Wacina engaphi? Bona? Wahamba khona ngalapho. Wezwa, kungelakuthandabuza; wavula umsakazo, izikhathi ezinengi. ILizwi likaNkulunkulu belikhuluma, izikhathi ezinengi. Awu, manje, bona, ubuya ngapha kuleyinkolo yeze lapha, iqembu. Wonke amabandla ngamaqembu. Yonke into, kunjalo sibili, ngamakilabhu nje lapho abantu abahlangana ndawonye njengamalunga. Futhi uyeza ngangapha lapha; awu, lokho kuyakwana kakuhle nje. Manje nxa ungaqala ukumtshela lokho okufanele akwenze, akasoze akulalele. Umtshengise khona eBhayibhili; akasoze aKulalele.

157 Manje, mfowethu othandekayo, dadewethu, isitsho nje esisodwa kumbe ezinye ezimbili singakavali. Sekuyikota kuze, isikhathi sokuphuma; imizuzu engu 15.

158 Manje khangela, ngifuna ukulibuza enye into. Kungani lowomfazi engakuboni? Kungani engenelisi? Mayelana ngokuba sebufebeni ngokwenyama, endodeni yakhe, akalacala; akalalutho lokuvuma. Uhlanzekile njengalokho ayeyikho ngosuku azalwa ngalo; akulandoda emthintileyo.

159 Ngikhuluma ngilinganisile manje, emfazini, ebandleni. Uhlanzeke njengoba ezalwa. Awu, yikho sibili ibandla eliyikho, njengoba wazalwa, kodwa wa “zalelwa esonweni, wabunjelwa ebubini, wabuya. . .” Bona lokho engikutshoyo?

160 Manje umtshela ukuthi akulunganga kuye ukuquma inwele zakhe; iBhayibhili latsho njalo. Akulunganga kuye ukuba agqoke okabhudula labo; iBhayibhili latsho njalo. Uzakuthi, “Ngumbhedo.” Ngani? Unomphela wakhe kawukho phansi *lapha*, kuleyondoda yesithathu, umphefumulo omiselwe ngaphambili futhi uthunywe uvela kuNkulunkulu. Kodwa unomphela wakhe uphezu kwenhlanganiso phandle *lapha*, omunye umuntu akuhlelileyo ngaphandle kwaLokhu. Bona?

161 Kodwa nxa iLizwi likaNkulunkulu liphansi kulowo mphefumulo, lithi, “Ameni! Ngiyakubona.” Liyaqondana Lakho. Manje khangela lapha. Ngakho-ke, umuntu ozelwe ngoMoya kaNkulunkulu. . .

162 Bona, nansi *lapha* inyama ephandle. Futhi ngikhuluma kumbuthano oxubeneyo, ngizakhuluma njengomalusi wenu—wenu, njengomfowenu. *Nansi* inyama, ibuthakathaka, ibotshelwe uku. . . Ikhosikazi elincinyane liyehla lihamba esitaladeni; elinye ijaha lisasebutsheni balo nje, lapho elengu 17, 18, iminyaka engu 20 ubudala, 25, 30, uyahamba ngalapho. . . Futhi lelikhosikazi elincinyane liyeza, litshila sonke isimo, umzimba wakhe, ehamba ngepheya yezicathulo azigqokileyo ezilezithende ezinde; yena ngokwakhe ekhukhumele konke phambili lemuva; lesigqoko sikhwele *kangako* ngaphezu kwamadolo akhe, kumbe ipheya yabokabhudula ayigqokileyo. Liyakwazi iBhayibhili lathi uzakwenza njengalokho? Liyazi,

iBhayibhili lathi yiyo indlela azakwenza ngayo, ukuthi uzakube engcole kanjani.

¹⁶³ Like labala lokhu lapha, i*Reader's Digest* yalinyanga, ukuthi, “Amadoda labafazi balolusuku, amankazana amancinyane, kusukela kuminyaka 20 kumbe 25 ubudala, basekupheleni kokuzala,” ukuthi udlula ekuguqukeni kwempilo eminyakeni yaphakathi laphakathi yesayensi kwempilo, ngokutsho kwesayensi, phakathi kwe 20 le 25. Kwakuvame ukuba phose 30 kumbe 35, esikhathini sami. Esikhathini sikamama wami, umfazi kazange afike esikhathini sokucina ukuzala komfazi waze waba le 40 kumbe 45.

¹⁶⁴ Kuyini na? Kungesayensi, lokudla, izixutshaniso, lokho kuphambukise umzimba wonke womuntu saze saba liqembu lo—lo—lokubolayo. Awu, nxa isimo senyama sibolile, isicucucu sesakhi sobuchopho kulowomuntu wenyama asinjalo na?

¹⁶⁵ Manje khangela uMoya, uwulandela. Kuzabuya isikhathi, eBizweni leNkosi, ukuthi abantu bazahlanya ngokugcweleyo. IBhayibhili litsho njalo. Bazamemeza futhi baklabalale; izinto ezinkulu ezesabekayo emkhumbulweni wengqondo zabo. Imisakazo lezinto, inhlelo zethu zamathelevizhini, ziyakuveza. Kuzakuba lezinto ezinjengobunyonyo obuzakuza emhlabeni, obuzakubande njengezihlahla ezingu 14; kuzakuba le—le—lenyoni ezaphapha idabula umhlaba, lempiko ezingaba ngamamayila angu 4 kumbe 5 ububanzi; futhi abantu bazibone, bazakumemeza futhi baklabalale, futhi bakhalela isihawu. Kodwa kuzakuba ziNhlupho. Lindani ngize ngitshumayele ngalezoNhlupho zivuleka.

¹⁶⁶ Khangela lokho uMose akwenzayo ngaphansi komzimba wenyama, hatshi uMoya, lapho Esithi, “Mose . . .” UNkulunkulu wathi kuMose, “Phuma phandle lapho,” kumprofethi Wakhe, “thatha uthuli olugcwala isandla, uluphosele phezulu emoyeni futhi uthi, ‘ITSHO KANJE INKOSI, indwebundwebu zizabuya emhlabeni.’” Kwakungela ndwebundwebu. Into yokuqala uyazi, baqala ukubona enye into inwabuzela esixukwini. Wathalaza ngalaphaya, kulenye into. Futhi ngemuva kwesikhathshana, zasezijulile wawungeke ugxambuze phakathi kwazo.

¹⁶⁷ Zavela ngaphi? UNkulunkulu unguMdali. Angenza lokho Akufunayo. Uyazibusa. Angenza i—innyoni enga—engafikisa impiko zayo kolunye uhlangothi lomhlaba kusiya kolunye.

¹⁶⁸ Wathi, “Makubuye impukane, zigubuzele phezu komhlaba wonke.” Kwakungela impukane elizweni. Into yokuqala uyazi, impukane yohlobo olukhulu yaqala ukuphapha ibhoda. Into yokuqala, kwaba lezingu 8 kumbe 10, 12. Into yokuqala uyazi, wawungeke uhambe udlula kuzo. UNkulunkulu, uMdali, uyagcina iLizwi Lakhe.

¹⁶⁹ Futhi welula intonga yakhe, ngokulaya kukaNkulunkulu, futhi wathi, “Makubuye amaxoxo asibekele umhlaba.” Futhi

amaxoxo eza baze bawabuthelela, izinqumbi, futhi umnuko waba ndawozonke, mhlawumbe amafidi angu 40 kumbe 50 kusiya phezulu, amaxoxo. Ayesekhabathini lika—likaFaro. Ayese...uphendulele ishiti, futhi kwakule 500 amaxoxo ngaphansi kweshiti, ngaphansi kombheda, ekudleni. Yonke indawo abaya khona, kwakulamaxoxo, amaxoxo, amaxoxo. Avela ngaphi na? UNkulunkulu, uMdali, uyazibusa. Lokho Akutshoyo, Uzakwenza!

¹⁷⁰ Futhi wathi kuzakubakhona izinto ezesabekayo ukubona phezu komhlaba. “Intethe zilenwele njengabafazi,” inwele ezinde, ukuhlupha abafazi labo abagela inwele zabo. “Amazinyo anjengesilwane; udonsi emisileni yazo, njengenkume; zazizahlupha abantu, okwezinyanga.” Lindani nje size singene ekuvuleni lezo Nhlupheko leziMpawu, futhi yona iMidumo eyiSikhombisa, khangela lokho okuthathi ndawo. O, mfowethu, kungcono ufike eGosheni lapho kusaselesikhathi sokufika eGosheni. Lingalaleli lokhu okuphandle.

¹⁷¹ Khangela lapha. Nanti ikhosikazi elincinyane lizitshila lisehla phansi esitaladeni; nangu umfana omncinyane, amehlo akhe ayakubamba. Ulilunga lebandla. UngumPhentekhosti. Uyilokho ayikho khona. Kodwa into yokuqala uyazi, akulanto yokubambelela phakathi *lapho*. Uzakuthi, “Sakubona.” Ulenwele eziphotheneyo, sengathi uyabukeka, ijaha elilamahlombe aqondileyo; mhlawumbe wazama ukuphila kahle. Uyaqala ukumsondelela, loba umtshumayeli. Into yokuqala uyazi... .

¹⁷² Kuyini na? Lokhu phandle *lapha*, isifiso senyama; futhi umoya phansi *lapha*, kanti ugcotshiwe, usithi, “Ungakwenzi, ungakwenzi.” Kodwa kuyini okuzakwenza? Kuzahamba khona ngalapho, kubambe lapho, nanko kuhamba. Into yokuqala uyazi, uzama ukuhambisana laye. Ulecala lokwenza ubufebe, loba uyamthinta kumbe hatshi.

¹⁷³ Kodwa, eqotho, indodana kaNkulunkulu ezelwe kutsha! Ameni! Awungeke ukwenze ngokwakho. Akwenzeki ngitsho ukuba o—owesilisa olegazi elibomvu ukuza phambi kowesifazane kanjalo, kungela enye into eyenzakalayo. Kodwa lapho kulenye Into ngaphakathi; leyoNto encinyane ezelwe kutsha *lapha*!

¹⁷⁴ Lanxa leyondoda ingabe yamemeza, yakhuluma ngendimi, yeqa, yadansa, yonke enye into, igcotshwe ngoMoya; yenza zonke izibonakaliso lezimangaliso uNkulunkulu azitshoyo phakathi lapho, ngoMoya Wakhe! UJesu wathi, “Abanengi bazabuya Kimi kulolosuku, bathi, ‘Nkosi, angizange ngiprofithe eBizweni Lakho yini? Angizange ngikhuphe odeveli eBizweni Lakho yini? Angizange...’” Wathi, “Sukani Kimi, lina benzi bobubi.” Kuyini ububi? Into oyaziyo ukuyenza, futhi ungayenzi. “Sukani Kimi, lina benzi bobubi; Angizange Ngibelazi.”

175 Kodwa phansi ngaphakathi kwaleyondoda, nxa leyonsika yokubophela encinyane iphakathi lapho, leyoMbewu kaNkulunkulu eyamiselwa ngaphambili umhlaba ungakasekelwa; angilandaba okuthathindawo, kuyambamba. Kulapho ukuba kuhlale.

176 Yiso isizatho umfazi lowo ezagqoka okabhudula labo. Ubalwa njengewule, okufana lomfazi osenzweni. Bona? Kakwazi ukuthi lowomoya . . . Ukwazi njani? Unomphela wakhe.

177 Kuyini unomphela? Yilizwi lokucina. Unomphela ngu ameni. Yikucina kombangiswano wonke, unomphela wakho.

178 Futhi nxa ibandla lakho, ibandla lePhentekhosti, elikutshela ukuthi, “Inwele ezinde lezinto nje yikudlulisa amalawulo. Ulevili lesipeya, ngemuva kwekhanda lakho,” lokunjalo, lezo zinto, indoda ithunjwe ngudeveli.

179 Ngoba, iLizwi likaNkulunkulu lathi, “Kulihlazo ukuba umfazi agele inwele zakhe. Uzahlazisa inhloko yakhe.” Nxa ehlanzisa umkakhe, futhi umkakhe liBandla, futhi iBandla nguKhristu, uliwule lezenkolo elihlazisayo; enqunu futhi engakwazi. Enqunu! Alitshongo yini iBhayibhili ukuthi, “Isimbozo somfazi zinwele zakhe”? Inwele kaziphiwanga yini kuye ukuba yisimbozo na?

180 Ngolunye usuku, phetsheya eNkundleni yokwaHlulelwa! Ngizamile ukuthulula uMuthi phakathi, futhi ngiWubambe ngezandla zami, futhi uyaWukhafula uphume phakathi kweminwe yakho. UNkulunkulu uzakubahlulela ngolunye usuku. Lokho kuyi ITSHO KANJE INKOSI. Bekungayisilo iqembu lobuwula, kumbe enye indoda endala ehlanganyayo ivuswe wonke amadlabuzane. Akunjalo. Ngoba, yiLizwi leNkosi.

181 Futhi oweqiniso, umKhristu oqotho uzaphilisana lalowomuntu wangaphakathi, lowoMoya owawusemuva-le ekuqaleni, okuyiLizwi.

182 Njengoba Wayeyikugcwala kwenu lonke, wawuKuye emuva-le eKhalvari. Wakwazi ngaphambili ukuthi uzakuba lapha. Wasakaza kuphela lokho okwakuzathatha indawo. Futhi wawuKuye; wafa Laye. Wafa ngokuziqhenya kwakho, wafa kumafashini akho, wafa kokomhlaba. Lapho E . . . Wafa Laye eKhalvari, futhi wavuka Laye lapho Evuka njalo ngosuku lwesithathu. Futhi ngoba ukwamukele, manje uhlezi endaweni zaseZulwini kuKhristu Jesu. Haleluya!

183 Nanko-ke. Ngulowomuntu wangaphakathi. Leyo phakathi ezavumela iLizwi, inamathelane leLizwi, kungelani. Awungeke ukwenqabele. Ngakufunda lokho, iminyaka eminingi edluleyo.

184 Ingane yami encinyane ilele lapha, isifa. Umkami elele lapha phakathi e . . . e—endlini yezidumbu, eqholisiwe futhi walaliswa phandle. Bangibiza phandle lapho, futhi uSharon wayesesifa. Yiso isilingo esinzima kakhulu engake ngahlangana

laso empilweni yami. Ngangi leminyaka eyayiphose ibe yi 25 ubudala. Ngaphuma phandle lapho, futhi uBilly Paul elele eseduze lokufa.

¹⁸⁵ UDokotela Sam wabuya, wathi, “Bill, angicabangi ukuthi sizakusindisa uBilly. Futhi nga . . .” Wathi, “Kubi sibili kuye.” Wathi, “Bill, ngiyakuzwela usizi kakhulu.” Wabeka ingalo zakhe ngakimi.

Ngathi, “Doc, angiselamandla futhi.”

¹⁸⁶ Amahola amabili, ngamfonela, ingane yami, Sharon, ngamgijimisa phandle-le, yena . . . ukumbona edlukuzeka; kwakungelakuma. Bafaka inalithi emgogodleni; bakuntinyela, baletha isibonakaliso, sofuba lwemeninjayithisi. Yikho kuphela.

¹⁸⁷ Ngaphendla indlela yami ngisiya esibhedlela; ngamisa iroli yami endala phandle lapho, futhi ngaphuma phandle futhi ngaqala ukuhamba phansi ekamelweni. Nangu esiza uSam phansi eholu, lengwane yakhe esandleni sakhe, ekhala, wangigona ngengalo yakhe, wathi, “Woza, Bill.”

ngathi, “Yini uhlupho?”

Wathi, “Awungeke umbone.” Wathi, “Usesifa, Bill.”

Futhi ngathi, “Hatshi, Sam, hatshi ingane yami.”

¹⁸⁸ Wathi, “Yebo.” Wathi, “Ungamceli ngitsho, Bill. Wayengaphila,” wathi, “uzakuhlupheka.” Wathi, “Uzahlala edonsekile, futhi uzahlupheka impilo yakhe yonke.” Wathi, “Ulemeninjayithisi.” Wathi, “Ungamzungezi; u—uzabulala nje uBilly ngokukwenza.”

Ngathi, “Sam, kumele ngimbone.”

¹⁸⁹ Wathi, “Awungeke ukwenze, Bill. Ngi—ngiyakwalela. Manje, uyazi ukuthi ngicabanga okunganani ngawe, futhi ungumngane wami lakho konke,” wathi, “ngicabanga okunganani ngawe,” wathi, “futhi ngikukholwa okunganani, Bill,” wathi, “kodwa unga—ungayi kuleyongane.” Wathi, “Nxa ungakwenza lokho, . . . IMeninjayithisi isiphezu kwakhe.” Bona? Wathi, “Uzakube esehambile ngemizuzu emilutshwana, futhi,” wathi, “unga . . . sizakumngcwaba.” Wathi, “Bill, ngizwa ngilusizi ngawe.”

¹⁹⁰ Futhi wafona, watshela, wabiza umongikazi, ukungiphathela umuthi othile. Wathi, “Angazi ukuthi indoda ime njani.”

¹⁹¹ Ngama lapho kancinyane. Waletha umuthi phakathi. Ngahlala phansi, eholu. Wathi, “Hlala.” Futhi umongikazi wakuletha, wathi, “Natha lokhu, Mfowethu Branham.”

¹⁹² Ngathi, “Ngiyabonga. Kubeke phansi nje lapho okomzuzu.” Lapho esuka njengalokho, ngakukhafulela phakathi kwesitsha sokukhafulela; ngabeka phansi ingilasi.

193 Ngahlala lapho. Ngacabanga, “O Nkulunkulu, kuyini engikwenzileyo? UnguNkulunkulu olungileyo. Kungani Wamvumela esifa, ngolunye usuku, mina ngibambe ingalo zakhe ezincinyane njengalokho?” NgiMxusa ngaye. “Kungani Umyekele wahamba? Nango uBilly elele lapho, esifa; futhi nangu yena elapha, esifa. Kuyini engikwenzileyo? Ngitshele! Awu, ngingangcono ngihambe labo.”

194 Ngavula umnyango, futhi kungela mongikazi owaye lapho. Nganyonyobela phansi endlini yaphansi. Lokho kwakulapho isibhedlela singakalungiswa. Iziskirini, kungela ziskirini emafasiteleni, lakancane, lempukane emehlweni akhe amancinyane. Ngangilesiqephu sokuvimbela imiyane, sikubiza kanjalo, imbule imboze ubuso bakhe. Ngaphunga impukane; elele lapho. Amehlo akhe amancinyane, wahlupheka kabuhlungu sibili aze aphambama.

195 Khona-ke uSathane wabuya eceleni kwami lapho, futhi wathi, “Utshilo yini ukuthi WayenguNkulunkulu olungileyo?”

Ngathi, “Yebo, ngakutsho lokho.”

196 “Uthe WayenguMsilisi na? Awu, kungani ubaba wakho wafela engalweni zakho laphaya, futhi wena umbiza, yena eyisoni, ubizela impilo yakhe? Kungani umfowenu wafela ezandleni zomunye umfowenu, phandle-le, futhi wena umile kuphuluphithi utshumayela, amaviki amalutshwana edluleyo?” Wathi, “Khona-ke kungani Engazange akuphendule? Wathi Wakuthanda futhi wakusindisa.”

197 Wayengeke angitshela ukuthi kwakungela Nkulunkulu, ngoba ngasengivele ngaMbona. Kodwa wayengitshela ukuthi Akalandaba lami.

198 Wathi, “Nango umkakho elele lapho. Ingane zakho zizakuba khona lapho masinyane. Ubaba wakho ungcwatshiwe. Umfowenu ungcwatshiwe. Futhi umkakho uzakungcwatshwa khathesi, kusasa. Futhi nansi enye ingane yakho, isifa. UnguNkulunkulu olungileyo na? Huh? UnguMsilisi na?” Wathi, “Uzenze umsobho!”

199 Kuyini okwakwenzayo? Kusukela . . . kwakusebenza kusukela phandle, manje, kusiza kulindoda yakuqala.

200 Wathi, “Manje khangela. Uyazi, lapho usaseleminyaka emilutshwana edluleyo, phose iminyaka emibili kumbe emithathu edluleyo, ungakemukeli Lokhu, wawucatshanga kahle phakathi kwabantu. Waphila impilo enhle, ehlanzekileyo. Loba yiphi inkazana edolobheni, eyayifuna ukuphuma, iphume lawe, ngoba bezwa behlanzekile njalo behlonipheka.” Ngangingama phambi kwaloba nguphi wabo. Angizange ngithuke loyedwa, angizange ngitsho ulutho. Angazama ukuzenza ohlakaniphileyo, ngangimthatha ngimhambise ngekhaya. “Futhi wawuthandeka phakathi kwabantu. Kodwa uyini khathesi? Uhlanya lwenkolo.”

201 “Kunjalo. Nganginjalo.” Bona izinto lezi zaqala ukuhamba ndawonye? Ingaphandle, icabangisisa emoyeni, ihambisa lezi izinto ndawonye. “Kunjalo, Sathane.”

“Futhi uthe WayenguMsilisi na?”

“Yebo. Hum. Yebo.”

202 “Futhi uyanxusa futhi ukhala, futhi abantu bekutshela ukuthi kwakungenjalo, ukuthi ungaphandle komzila kukho konke. Ibandla lakho uqobo lakuxotshela phandle, ngenxa yaLokhu. Ibandla lakho uqobo leBaptisti phansi lapho, likukhuphela emnyango, okwembangela uqobo efanayo.”

“Yebo.”

203 “Ubaba wakho engcwatshiwe. Umfowenu engcwatshiwe. Umkakho elele lapho, ukungcwatshwa. Nansi ingane yakho, okungaba yimizuzu nje engu 15 kusiya futhi iyabe ingasekho. Futhi UnguMsilisi na? Inyama yakho uqobo legazi; iLizwi elilodwa elivela Kuye lingasindisa impilo yengane. ‘UnguMsilisi,’ watsho. Abantu bazama ukukutshela. Umtshumayeli wakatshela usuzitshaphazile; usuhlanya; usuluhlanya lwezenkolo. Futhi wena wathi Wayekuthanda. Angakuthanda na?”

204 “Futhi wamkhalela kanjani ubaba wakho! Kanjani, ubusuku ngobusuku, wazila ukudla, futhi lapho u... ngesikhathi semini, lapho umele ukhuleke, ukukhwela iphowuli, ukuyasebenza. Futhi lapho Emvumela afele engalweni zakho, isoni.

205 “Kanjani umkakho, umfazi sibili owayelungile, lokuthi wawumthanda okunganani!” Umama kaBilly; inengi lenu liyamkhumbula uHope. “Yinkazana bani eyayilungile! Wawuthokoza kanjani, ikhaya lakho elincane phezulu-le; lilefenitsha engaphose ibize amadola angu 7 kumbe 8, ifenitsha owawulayo, kodwa kunjalo wawumthanda; futhi wena... futhi lalithandana. Futhi wahamba futhi wakhulekela abanye; futhi, amanye amadlabuzane engqondo, basukuma futhi bahamba futhi bathi babelungile. Kodwa manje owakho unkosikazi uqobo; futhi nango lapho, efile, lilanga lesibili khathesi, elele endlini yabagcina izidumbu phansi khonale, Scott and Combs. UnguMsilisi na? Huh?”

206 “Futhi umfana wakho omncinyane eseduzane lokufa, uBilly Paul, inyanga ezingu 18 ubudala. Futhi inkazana yakho encinyane, elenyanga ezingu 8 ubudala, ulele lapha, esifa, ngemeninjayithisi. Futhi ukhulekile nje; futhi uNkulunkulu wadonsa ishiti phansi, wathi, ‘Thula!’ Kangizwa, angisoze ngikuzwe, lakancinyane! Wakufulathela. UnguNkulunkulu olungileyo na? Huh? Uyakuthanda na? Futhi yonke inkazana owake wahamba layo, wonke umfana owake wahlanganyelana labo, abangane bakho abakhulu sibili, basukile kuwe njengodlulisa amalawulo ezenkolo.”

207 Yonke into ayentshela yona yayiliqiniso. Yonke into ayengayitsho, yayiwela khona nje emzileni, bona, *lapha*. Ngasengilungiselele nje ukuthi, “Khona-ke mina, nxa kuyindlela okufanele enze ngayo, khona-ke angisoze ngiMkhonze.”

208 Ngikhuluma nje lokho, kwakulenywe Into eyavela kwenye indawo, khona phansi ngaphakathi. Yathi, “Ungubani wena, kwasekuqaleni? INkosi iphile, futhi iNkosi ithethe.” Bona, ngulowo muntu wangaphakathi, kacabangisisi lakancane.

209 Ngakhangele emuva, futhi ngacabanga, “Ngafika njani emhlabeni? Ngavela kuqembu lezidakwa. Ngafika njani lapha? Ngubani owangipha impilo? Ngubani owangipha lowomfazi? Ngubani owangipha leyongane na? Wavela ngaphi umkami? Impilo yami yavela ngaphi?” Ngathi, “Lanxa Engibulala, kukanti ngizaMethemba.”

Ngathi, “Suka kimi, Sathane!”

210 Ngabeka isandla sami phezu kwengane. Ngathi, “Sharon, sithandwa, ngizakubeka engalweni zikamama wakho ngemizuzu emilutshwana, lapho iNgilosu zikaNkulunkulu zisiza ukuzokususa, kodwa ngolunye usuku ubaba uzakubona njalo. Kangazi ukuthi kuzakuba njani, sithandwa. Angeke ngikutshela ukuthi kanjani; lapho efulathela umhlane Wakhe kimi, kasoze azwe ngenxa yakho.”

